# HILLCREST HIGH SCHOOL

## HILLCREST HIGH SCHOOL
**UKUHLOLA KOKUPHELA KONYAKA**

## IBANGA LE-11

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**
**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2022**

**IMIKLOMELO: 70** **ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: Inoveli | Amanyal' Enyoka – Mandla Ndlovu | (35) |
| ISIQEPHU B: Umdlalo | Kusa Kusa – S.P. Nhleko | (35) |

3. Phendula LONKE iphepha.
4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.
5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: AMANYAL'ENYOKA – M. Ndlovu

Funda IZIQESHANA EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Kwase kuyilo ilanga ayezofika ngalo uLindo eMgungundlovu. UPat noSindi babevuke kusesekuseni. Babefuna ukulungiselela yena uLindo abase bevumelene ngokuthi angaqale atshelwe ukuthi bayathandana futhi bashadile.
Ukusheshe bamazise babekubona kuzomhlukumeza ngokomqondo futhi kungeza ukuthi abe nenzondo nonina. Wawusungaphika ukuthi babeke baxabana ezinsukwini ezedlule. Yonke into yayibukeka imnandi futhi kunemfundumalo endlini.
Usuku lwabo lwaluqale kamnandi njengoba babeqale ngokuthi bageze. Wawungathi kugeza izingane njengoba babenomsindo bedlala. Uyedwa owayecula **aklabalase**, ahleke omunye athi lona omunye uyabhimba. Babebuye bacule kanyekanye, bazihleke bona ukuthi engathi bayabhimba. Bathi bangaqeda babe sebesulana futhi.
Basuka lapho baya ekameleni labo bebambene ngeminwe. Bagcoba bazibuka nasesibukweni esikhulukazi. Indlela ababejabulelana ngayo kungathi sebejatshuliswa amafutha abawagcobayo anamakha anuka kamnandi.
Bathi bangaqeda bagqoka base beya ekhishini. Baqala ukulungisa isidlo sasekuseni esisho ngezibiliboco ezicikanayo. Ngesikhathi omunye enza lokhu nomunye wenza lokhu, bayelekelelana. Baqeda ukulungisa ukudla babe sebezitika. Kwakusemnandi kunjalo ngesikhathi kuzwakala ukuma kwemoto esangweni. Wasukuma wagxuma uPat esezitshela ukuthi cishe imoto elethe uLindo.Wayeshilo ukuthi angakhathazeki unina ngoba uzolethwa ngumngani wakhe ababefunda naye ePitoli kodwa osewaqeda yena. Wathi uma elunguza uPat wabona imoto efana nse neyabaseshi ababembophile. Lwamshaya uvalo esekhumbula ukuthi zazibuhlungu kanjani izinsimbi ayeboshwe ngazo.

1.1 Ngubani igama lendodana kaPat eyayilindelwe ngalolu suku? (1)

1.2 Yini eyayenza uPat asukume agxume ngesikhathi kuzwakala ukuma kwemoto esangweni? (2)

1.3 Chaza kafushane ukuthi yini eyayenza uPat noSindi bavumelane ngokuthi angaqale atshelwe uLindo ukuthi bayathandana futhi bashadile. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.4 Bhala okwakukuyisona sizathu esenza uLindo angakwazi ukuya emshadweni kanina. (2)

1.5 Nikeza umoya otholakala kulesi siqeshana. Sekela impendulo yakho. (2)

1.6 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana.
Uyedwa owayecula **aklabalase**, ahleke omunye athi lona omunye uyabhimba (2)

1.7 Chaza kafushane ngezizathu EZIMBILI ezenza uPat angasho kuSindi ukuthi unengane noMthunzi. (2)

1.8 Ucabanga ukuthi kuyiqiniso yini ukuthi vele uSindi noPat babevele benayo

Imizwa yabesilisa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.9 Ngabe isenzo somlingiswa onguMthunzi sokufuna ukubuya ngenkani empilweni kaPat siyemukeleka yini kuwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.10 Kwaba namthelela muni emshadweni kaPat ukuboshwa kwakhe? (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

"Awuzwa uma ngithi phuma lapha?" UThula osebambe ngaphansi kwejakhethi ayeyigqokile okomuntu ozovele akhiphe isikhali. "Mthunzi ngicela uphume la endlini ungaze ulimale," kusho uPat egcwele ukuncenga. "Sengingamane ngilimale", wasukuma naye uMthunzi wasukuma wathi **lacu**. UMthunzi wathi esukuma nje wayedudula uThula wathi kuye: "Suka lapha eduze kwami". UThula owayebanjwe ngutshwala wachilizekela lena waye wawela phezu kwebhodlela likagologo. Lagingqika ibhodlela laye lawela phansi, ngenhlanhla langafa nhlobo njengoba lawela kukhaphethi okwakubekwe kuwo i-*coffee table.* **Wacasuka wathelwa ngamanzi** uThula owayesephoxwe phambi kwentombi yakhe. Ngaleso sikhathi uyamemeza noPat ukhuza uMthunzi ukuthi makayeke ukuba nochuku.

Wathi evuka lapho uThula wayevuka nalo ibhodlela likagologo. Wamangala nje uPat ukuthi uThula uzothi ehlaselwa kodwa ebe ephuza utshwala. Kanti lutho likhona iqhinga asephezu kwalo uThula. "Uzama ukwenzani umthetho wakho?" lowo mbuzo wawuphelezelwa yibhodlela likagologo elaliqonde kuMthunzi ngqo. Wabona umfoka Mthethwa ukuthi nansi ingozi iza, wacwila. Ibhodlela ladlula phezu kwekhanda lakhe. Lahamba ibhodlela laye lashaya umabonakude. Cishe mkhulu umonakalo owenzeka kumabonakude ngoba wavele wacisha ngaso leso sikhathi. UMthunzi owayesebonakala ukuthi uthukile wayesehlahle amehlo. "Uzama ukwenzani?" ebuza ngesikhathi amehlo ewagijimisa nendlu yonke.

1.11 Ngokwalesi siqeshana esingenhla babanga bani laba abaxabanayo? (1)

1.12 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

1.13 Nikeza iseluleko uPat asinika uMthunzi ngokwesiqeshana. (2)

1.14 Chaza ngesinyathelo esathathwa uThiza ukuzama ukuthola imali yakhe kuPat (2)

1.15 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho elandelayo ecashunwe kulesi siqeshana esingenhla.

1.15.1 UMthunzi wathi **lacu**. (2)

1.15.2 **Wacasuka wathelwa ngamanzi**. (2)

1.16 Chaza ngamaphuzu AMABILI ngesu lombhali ekuvezeni umsebenzi womlandi kule noveli. (2)

1.17 Phawula ngempumelelo yombhali ukuveza uSindi njengomlingiswa ongenaso isimilo esihle. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 2: *KUSA KUSA*- S.P. NHLEKO**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no- D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

*(Kusemqashweni lapho okuqashe khona uZenzile. UVusi ucambalele embhedeni, ekamelweni likaZenzile. Kusemini ulalele nomsakazo.)*

VUSI: *(Ulele ubheke phezulu, ukhuluma yedwa).* Kazi sengizophuma ngibhekephi njengoba ngingawutholi nje umsebenzi? Nale femu yezindwangu kuthiwa iyathutha ngeviki elizayo. Kazi umuntu uzoba yini nje ngempela? Noma kuvela izikhala ezindaweni ezithile kuvele kuthiwe kufuneka abanesipiliyoni salowo msebenzi. Ngisho nalapho bengafuni khona nasipiliyoni, uma umuntu ethumela imininingwane yakhe abamphenduli. Ngisho nokusho-ke nje ukuthi awuphumelelanga. Kuvele kuthuleke nje. Ake ngenyuse ivolomu nakhu sekuyisikhathi sezimemezelo. Mhlawumbe kukhona umuntu angahle akuzwe. *(Alalelisise umzuzwana bese ethatha ipeni nephepha kube khona akubhalayo. Kusenjalo kungene uZenzile.)*

ZENZILE*: (Ngokucasuka)* Walapha ngalesi sikhathi Vusi? Kawuyanga ngani ukuyofesa namhlanje?

VUSI: *(Emoyizela ebuya ethi ukunyakaza kancane embhedeni.)* Ngibuya khona Zenzile mntakwethu.

ZENZILE: *(Ejikijela izimpahla phezu kwekhabethe.)* Awusho-ke, kwenzenjani njengoba usheshe wabuya nje?

VUSI: Phela Zenzile namuhla bengijahe ukuzolungisa i-C.V. yami. Ngizwe ngalezi zinsizwa engifesa nazo ukuthi kufuneka abantu abazophendula izingcingo kanti futhi baqeda ukusho lapha emsakazweni womphakathi. Nakhu lapho engibhale khona. *(Anikeze uZenzile iphepha.)*

2.1 Yini lena efunwa uVusi ngokwalesi siqeshana? (1)

2.2 Yini le eyayifuneka kulabo abafesayo bengenayo noma kwenzekile kwavela Izikhala ezithile ngokwalesi siqeshana? (1)

2.3 Wezwa kanjani uVusi ngabantu abafuna umsebenzi wokuphendula izingcingo? Fakazela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni. (2)

2.4 Bhala isibonelo senkulumo kaZenzile eyayikhombisa ukungamethembi uVusi

ukuthi uke waya ukuyofesa kulesi siqeshana. (2)

2.5 Bhala isizathu esenza uBonga imdilize inkampani ayesebenza kuyo. (2)

2.6 UThemba ungumlingiswa omncane kulo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI (2)

2.7 Yikuphi okwenzeka esiphethweni sale ndaba oyifundile? (2)

2.8 UNomcebo uvezwe njengomlingiswa onothando omkhathalele umhlobo wakhe uVusi. Fakazela lokhu ngephuzu ELILODWA ngokwenzeka emdlalweni. (2)

2.9 Babunjani ubudlewano phakathi kukaZenzile noVusi endabeni iqala? (2)

2.10 UMaKhuzwayo noShabalala abashadikazi abangathathi iziqumo ndawonye. Yesekala lesi sitatimende ngokwenzeka kulo mdlalo. (2)

2.11 Ukwazile yini umbhali walo mdlalo ukusebenzisa imiyalelo yokwenzeka enkundleni ukusivezela okwenziwa abalingiswa kulesi siqeshana. Yesekela impendulo yakho. (2)

**ISIQESHANA D**

*(Kusemqashweni evulandi kuhleli uSebenzile, uFakazile, uZenzile noNomcebo. NguMgqibelo ntambama bayaxoxa.)*

ZENZILE: *(Ngezwi eliphansi).* Ngizonikhumbula bangani ngoba besihlalisene kahle lapha emqashweni. Ikakhulukazi wena noMcebo nawe Sebenzile, ngoba uFakazile yena umkhaya wami. Ngizodamane ngimbona ngamaholidi uma ehlile waya ngasekhaya.

SEBENZILE: Nami ngizonikhumbula bangani. Besihlalisene kahle impela. Bekungekho onenkinga nomunye. Yiwo nje lo mshophi osusihlukanisa.

NOMCEBO: Kunjalo impela, nakimi kubuhlungu kabi njengoba sesihlukana nje.

FAKAZILE: Ngempela zintombi iyohlala njalo ikhumbulana.

NOMCEBO: Sesiyoxhumana ngazo izingcingo. Akwaliwe ukuba nivakashe ngoba anixoshiwe.

ZENZILE: Ngingalunga nje mina njengoba sengaba nje? Ngingalokhu ngihlupha abashayeli yonke indlela le. Sekungaba yini eningivakashelayo. Nangu uFakazile uyazi ekhaya.

NOMCEBO: Ayikho inkinga nalapho. Manje ake nisho-ke, nihamba nini?

SEBENZILE: Mina ngizohamba ngoMsombuluko.

ZENZILE: Siyohamba ngawo impela uMsombuluko.

NOMCEBO: *(Ebabheka emehlweni.)* Hawu! Nashesha bo!

ZENZILE: Sizolindani ngoba awukho no- *'Blue Card*" lapha emaShayineni.

SEBENZIILE: Ngempela kodwa singahlala senzeni nje singasasebenzi nakusebenza nje sizodlani?

ZENZILE: Ngampela singadlani ngoba nampa noMxolisi basaboshiwe.

NONCEBO: *(Emangala)* Kahleni bo! Benzani kodwa?

ZENZILE: Bantshontsha imali yenkampani ababesebenza kuyo.

NOMCEBO: Zabuhlungu -ke lezo zindaba.

2.12 Zikuphi lezi zintokazi ezixoxayo? (1)

2.13 Bhala amazwi asesiqeshaneni afakazela ukuthi zazihlalisene kahle lezi zintokazi. (2)

2.14 Amasoka alezi zintokazi abanjawa aboshwa. Bhala ngephuzu ELILODWA ukuthi ayeboshelwani. (2)

2.15 Bhala umlingiswa omqoka kulo mdlalo nenkinga abhekene nayo. (2)

2.16 Kwakuyisenzo esihlakaniphile yini ukuthi izintokazi ziziphilise ngemali yabesilisa? Chaza ngephuzu ELILODWA (2)

2.17 Ngokucabanga kwakho yiliphi isu elinye elalingasetshenziswa yinduna yasegalaji ukuqasha? (2)

2.18 Shono isifundo esitholakala kulo mdlalo. (2)

2.19 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kulo mdlalo. Chaza ngamaphuzu AMABILI (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**